**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2½ amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B noC.
- Imibuzo mayiphendulwe yonke.
- Izinombolo mazibhalwe njengoba zibhalwe ephepheni.
- Izimpendulo zombuzo owodwa mazilandelane kahle njengoba lowo nalowo mbuzo uhleliwe.
- Funda kahle umbuzo ngaphambi kokuba uphendule.

---

## ISIGABA A

### UMBUZO 1

**ISIFUNDO SOKUQONDISISA**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo engezansi:

**ISIQESHANA A**

**INGANEKWANE**

Kuthiwa endulo uheshane wayeganwe isikhukhukazi. Kwahlalwa impilo emtoti isikhathi eside kwaze kwazalwa abantwana. Njengoba kwaziwa kamhlophe ukuthi uheshane umfo oliphisi, waphuma ngelinye ilanga wayozihlwayela amaphuku nezinye izinyamazanyana azidlayo. Walayeza kumlobokazi wakhe ukuthi angalokothi aphume endlini engakabuyi. Washo wayemnika izihluthulelo zendlu ukuthi azilonde.

Wahlala yonke imini umlobokazi waze wakhathala. Wasefikelwa umcabango wokuthi angake athi ukuphuma uzoshesha abuye umnumzane engakabuyi. Nempela kwaba njalo.

Uthe ebuya, lokhu ushiye ehluthulele endlini, wabathe khiye ubulapha! Khiye ubulapha! Nya unomphelo ukhiye.

Wahlala waququbala phandle nabantwanyana kwaze kwafika umnumzane.

"Hhawu! Wahlala phandle Mankukhu?" Kubuza umnumzane. Aphendule umlobokazi: "Chabo Baba, ngithe ake ngiphume ngelule izitho lapha phambi kwendlu, kwaze kwalahleka isihluthulelo".

Wawotha ubomvu umnumzane. Wathi: "Ingani ngishiye ngikudonse ngendlebe ngathi ungalokothi uphume ngingakabuyi na"?

**Pheqa ikhasi**

"Wo lixhoshwa libhekile Baba." Washo lapho wachiphiza umlobokazi. "Uyabona-ke", kusho umnumzane, "uzigwaze ngowakho". Yaqhubeka futhi indoda yathi: "Uyabona-ke Sidlungundlebe ndini, ngoba weqe umthetho wami, wazenzela okuthandayo, kusukela namhlanje kuze kube nini nanini, awuseyophinde ubizwe ngami. Kusukela namhlanje, angiseyuphinda ngiphume ngithi ngiyozingela ezintabeni. Endaweni yalokho, sengophila ngokudla bona abantwanyana bakho laba."

Wabathe uyashweleza umlobokazi kwanhlanga zimuka nomoya. Lagqabuka kanjalo-ke igoda phakathi kukaheshana nomlobokazi wakhe.

Kwaba yileso-ke isisusa esabanga ubutha obungaka phakathi kwenkukhu noheshane.

Kungakho nide nibona isikhukhukazi nezinkukhu zilokhu zaqhwaya emazaleni nje.

Kusafunwa leso sihluthulelo ukuze khathisimbe ucilo angathuka ezishaya endukwini, kubuyelwane endlini.

1.1 Nyonini uheshane? (1)

1.2 NguMabani umlobokazi? (1)

1.3 Yini izala? (2)

1.4 Ngumuntu onjani iphisi? (2)

1.5 Shono ukuthi lezi zimo zenkulumo zisho ukuthini:

1.5.1 "Lixhoshwa libhekile" (2)

1.5.2 "Wawotha ubomvu" (2)

1.5.3 "Ngikudonse ngendlebe" (2)

1.6 Nikeza amagama asendabeni amqondofana nalawa:

1.6.1 umakoti. (1)

1.6.2 uhele. (1)

1.6.3 ukhiye. (1)

1.7 Nikeza amagama amqondohluka nalawa avela endabeni.

1.7.1 eduma. (1)

1.7.2 ukungena. (1)

1.7.3 ubuhlobo. (1)

1.8 Ngokwazi kwakho senzenjani isikhukhukazi uma sibona uheshane? (2)

1.9 Aphephe kangakanani amachwane esikhukhukazi kuheshane? (2)
**[22]**

## ISIQESHANA B

Funda kahle le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo.

> UMalolo kwakungumfanyana owazalwa ngenkathi kusadliwa ngoludala kwaZulu. Uyise kwakungumnumzane odume kakhulu kulo lonke izwe; ngisho nasezichemeni ontanga babemazisa kakhulu. Wayengadume ngabubi; wayedume ngobunsizwa, ngoba wayengayishiyi edla amabele. Kwakungesoka, kwakungelamanyala. Wazithatha ubuthaphuthaphu, ngoba phela zazikhangwa naziqikili zezinkomo. Kungakho eziningi bezivama ukumbalekela.
>
> Sizwa ukuthi isithembu sakhe kwakungamashumi amane. Wakha elikhulu inxuluma. Izindlu zonke zazakhiwe zafulelwa ngobukhulu ubungcweti. Phansi lapha ubuzibuka isithunzi. Phela umfo lo kwakungelikhulu iqhathanzipho. Izindlu zonke zazakhiwe zasondelana eduze; zonke zinamaguma, nezingoni, nemigegandlu.
>
> Emadladleni kugcwele izimbiza, nezimpico, nezichumo, nezinkamba, nezicathulo kanye nemicakulo. Ileyo naleyo ndlu inengobo yayo okwakuhlala kuthe phama ukudla, ngoba abafazi bakhe kwakungesiwo amanyamfokwe.
>
> Laphaya phambi kwesibaya kulihahe lezinkomo, lapha bezisengelwa, zilala khona uma line kakhulu. Amathole ayenesawo odwa, imivemve inesayo yodwa. Beziphuma ekuseni, kusenamabethe, kuthi eminaneni, zibuye inhlanzane. Bezivama ukuholwa ihinikazi lakwabo, ebelikhalima maqede kudlale izinsizwa.
>
> Bezifika enkundleni, keziphunge imikhonto kade zisengwa. Bekusengwa qede bese kuthi imiphehlu yonke iqunge umlaza wabafana abazakuwuphuza kanye nehongo.
>
> Kuthi ingabe zikhona ezizeleyo, abafana bazisengele umthubi bapheke isithubi. Kuthi ingabe azikahlambuluki bapheke ihlaka.

1.10 Chaza ukuthi kusho ukuthini ukuthi kusadliwa ngoludala. (2)

1.11 Uyise kaMalolo kuthiwa wayengayishiyi edla amabele. Kusho ukuthini lokhu? (2)

1.12 Caphuna amazwi endabeni agcizelele le nkulumo engenhla ku-1.11. (1)

1.13 Bhala amagama asendabeni amqondofana nalawa:

1.13.1 ubuciko. (1)

1.13.2 inono. (1)

1.14 Kusuke kusikhathisini sosuku uma izinkomo zibuya inhlazane? (1)
**[8]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### UKUFINGQA

Fingqa lesi siqeshana ngamagama angevile kwangu – 20.

Uhuntshu olusha sha lwemoto emnyama yakwanokusho, yensizwa egama layo linguSponono, lwathathwa emini kwabha, ngabantu bambe abangaziwa muntu endaweni, phambi nje kwesango lakwabo. Konke lokhu, kwenzeka ngokukhulu ukushesha, wena owabona unyazi. Kwenzeka konke lokhu nje, yena uSponono, uxakazisa isango lakwabo, kwazise phela uzama ukulivula, ukuze afake yona le moto yakhe egalaji.

Wake wayifaka yini? Ngokuphazima kweso, kwezwakala ububhaklabhakla bezicabha zemoto. Akazange akholwe neze ayekubona kwenzeka phambi kwakhe. Empeleni wamane wavevezela, wagcwala amanzi emadolweni. Wakhamisa. Wazama yena ukumemeza bandla. Pho! Wayeyophendulwa ngubani? Bashaya bachitha abafo bansondo. Bamshiya nezintuli zemoto yakhe, kanye nokhiye bemoto ayesabafumbethe esandleni sakhe sokudla. Zaya!

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 3
### UHLELO

Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo engezansi:

Umuntu wasedolobheni akayibuzi indlela ngoba akethembi muntu angamaziyo. Laphaya edolobheni kuthiwa yizwe lempucuko. Kuthiwa impilo yakhona isezingeni eliphakeme. Kuphilwa impilo enofonofo ezintweni ezibonakala ngamehlo, eziphathekayo nangezandla. Kodwa iningi labantu bakhona banezinhliziyo zetshe eziqandisa okwekhala lenja. Edolobheni akukho nkwali ephandela enye. Abantu bakhona abanasikhathi. Bajahile. Siyabalibazisa, siyabaphazamisa thina esijwayele ukuthi siliqhamukisaphi, silibangisephi, sibabeleni khona lapho. Kanti phela uma senza njalo sisuke singambuluzi. Ukunakana lokhu kuqubuka phansi ekujuleni kwenhliziyo yobuntu, engitshela ukuthi bonke abantu bayizihlobo zami.

Akuvumi ukuba ngizibe uma ngibona isihambi silandela indlela eyodabula ehlozini esekwabuthisa kulo imamba. Ngimpompoloza ngengila ngize ngizwe ngisho sikude isihambi ngithi, "Ayisahambi leyo ndlela!" Uma engezwa ngiphinde ngimemeze ngithi "Ngikhuluma nawe wena ogqoke okumhlophe ngesingenhla, owetshethe umthwalo ehlombe, ngithi ayisahambi leyo ndlela!" Uma engeyiso isithulu usezoma khimilili. Ebese ngimbuza ukuthi uyisihambi sakuliphi izwe yena ongazi ukuthi akusahanjwa ngaleyo ndlela. Azisho ukuthi uvelaphi, ubangephi, abese ebuza ukuthi kanti sekuhanjwaphi. Sengizomyalela-ke ukuthi kanti ulushiyephi ukhonjwana olungakavuthwa osekuhanjwa ngalo. Nempela abonge qede aphindele emuva umuntu wokuhamba, aze ayithole indlela engezukumdabukisa kwesemamba. Usindiswe yisihlobo angasaziyo, samtshela ukuthi indlela ebibonakala iwumgudu ogqamile isinengozi.

3.1 Nhloboni yebizo **impucuko**? (1)

3.2 **Nguqukoni** eyenzekile lapho lakheka? Chaza. (2)

3.3 Shono **inguquko** eyenzeke nakulezi zinhlamvu ezidwetshelwe:

3.3.1 zetshe. (2)

3.3.2 senza. (2)

3.3.3 akusahanjwa. (2)

3.4 Igama elithi: umuntu lingasho izingcezu ezimbili. Lisebenzise emshweni lisho **isibanjalo bese ulidwebela**. (2)

3.5 Leli gama, **khimilili**: **yisenzukuthi** esisho ukuma. Bhala umusho ozoba **nesenzukuthi** esisho **ukuhlala** bese usidwebela. (2)

3.6 Shono umsebenzi waleso naleso **sijobelelo** kula magama alandelayo:

3.6.1 edolobheni. (1)

3.6.2 isihambi. (1)

3.6.3 akuvumi. (1)

3.7 Lezi zenzo: siyabalibazisa, siyabaphazamisa zikuyiphi **impambosi**? (1)

3.8 Sebenzisa isenzo sebenza emishweni, wakhe lezi zimpambosi ezilandelayo:

3.8.1 yokwenzela. (2)

3.8.2 yokwenzeka. (2)

3.8.3 yokwenziwa. (2)

3.9 Lesi senzo esidwetshele: "Abantu bakhona bahlala bejahile", sikuyiphi **indlela**? (1)

3.10 Yakha eyakho imisho ngaso lesi senzo: **jaha** kuvele lezi **zindlela**:

3.10.1 eyamandla. (2)

3.10.2 esabizo. (2)

3.10.3 eyempoqo. (2)

3.10.4 eqondile. (2)

3.11 Nhloboni yeziphongozo lezi ezibhalwe kanzima kulo musho:
"**aba**ntu **ba**khona **ba**jahile?" 1x3=(3)

3.12 Kule ndatshana engenhla, tomula umusho ngamunye oyilolu hlobo:

3.12.1 umusho oqondile. (1)

3.12.2 umusho ombaxa. (2)

3.12.3 umusho omagatshagatsha. (2)
**[40]**

**UMBUZO 4**

4.1 Lungisa le misho elandelayo:

4.1.1 Isitimela safika nini egoli (2)

4.1.2 Unksz Gumede uyena o khethiwe waba uSihlalo. (2)

4.1.3 Wangibuza kanti uphilisiwe uhlalaphi? (4)

4.2 Yehlukanisa le misho ngendlela efanele:

4.2.1 Wezwanje kuthi ngqu gilikidi, wabona ukuthi kukhona ashayisene naye. Wenzani udakiweyini? (2)

4.2.2 Lababantu babuyaphi nje nempela uma bengaziwa kulendawo? (2)
**[12]**

4.3 Lungisa le misho elandelayo ibhaleke ngesiZulu esihle.

4.3.1 UThoko sekafile yinsini. (1)

4.3.2 Abomama bazohamba kusasa. (1)

4.3.3 Uyathanda njalo wena ukungicala. (1)

4.3.4 Ugogo ugayela amabele ngasendlini. (1)
**[4]**

4.4 Lungisa le misho iphimiseke kahle.

4.4.1 Ubabone bephuma embobeni. (1)

4.4.2 Ingane ifake imali emlomeni. (1)

4.4.3 Umama uphuphwe eshanela ibala. (1)

4.4.4 Umshaye amadolwana lawa ngenduku wephuka. (1)
**[4]**
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [60]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**